.32 izitatimende zezimali zibhizinisi elilawulwayo ezisetshenziswe ekulungiseleleni izitatimende zezimali ezihlanganisiwe zilungiselelwe kusetshenziswa usuku lokubika oluhlukile kolwebhizinisi elilawulayo, kuyokwenziwa ukulungisa ezinkokhelweni ezinkulu noma izenzakalo ezenzeka phakathi nalolo suku nosuku lokubika lwezitatimende zezimali zebhizinisi elawulayo. Kunoma ikuphi, umehluko

ezinsukwini zokubika zebhizinisi elilawulwayo kanye nosuku lokubika lwebhizinisi elilawulayo ngeke ube ngaphezu kwezinyanga ezintathu.

.33 Imali engenayo nezindleko zebhizinisi elilawulwayo ziyahlanganiswa ezitatimendeni zemali ezihlanganisiwe esigabeni .34 kusukela ngosuku lokutholakala njengoba kuchaziwe emaZingeni e-GRAP *eKuhlanganisweni Kwamabhizinisi*. Imali engenayo nezindleko zebhizinisi elilawulwayo ziyahlanganiswa ezitatimendeni zemali ezihlanganisiwe kuze kube usuku ibhizinisi elilawulayo liyeka ukulawula lelo bhizinisi.

.34 Ibhizinisi elilawulwa ngokuhlanganyela ligcina amarekhodi alo ezimali futhi lilungisa bese lethula izitatimende zezimali ngendlela efanayo neyamanye amabhizinisi ngokuvumelana namaZinga e-GRAP noma amanye amaZinga okubalwa kwezimali uma kufaneleka.

.35 Ibhizinisi ngalinye ngokuvamile linikeza imali noma ezinye izisetshenziswa ebhizinisi elilawulwa ngokuhlanganyela. Le minikelo ifakiwe kumarekhodi ezezimali ebhizinisi futhi iqashelwa ezitatimendeni zezimali ezihlukanisiwe njengotshalo-mali ebhizinisini elilawulwa ngokuhlanganyela.

## Izitatimende zemali zomsebenzi

### Ukuhlanganisa okufanelanayo

.36 ***Njengoba kuphawuliwe esigabeni .44, imali esebenzayo yebhizinisi ibonisa izinkokhelo, izenzakalo nezimo ezihambisana nalo. Ngenxa yalokho, lapho imali esebenzayo isinqunyiwe, ingashintshwa kuphela uma lezo zinkokhelo, izenzakalo nezimo zishintshile. Ngokwesibonelo, ushintsho ohlotshweni lwemali ethinta ngokuyinhloko amanani okuthengisa noma ukulethwa kwezimpahla nezinkonzo kungase kuholele ekushintshweni kwemali esebenzayo yebhizinisi.***

.37 Umphumela wokushintsha imali esebenzayo ilandiswa ngokuhamba kwesikhathi. Ngamanye amazwi, ibhizinisi lichaza zonke izimpahla ngohlobo lwemali entsha lisebenzisa isilinganiso sokushintshisana sangosuku okwengenzeke ngalo ushintsho. Amanani achaziwe abe umphumela wezinto ezingeyona imali zibhekwa njengozomlando. Umehluko wokushintshisana ovela ngenxa yokuguqulwa komsebenzi wakwelinye izwe ekuqaleni ebichazwa njengempahla eyinsalela ngokuvumelana nezigaba .33 no .40(c) aziqashelwa njengokwengeziwe noma okushodayo kuze kube yilapho kuchithwa lowo msebenzi.

.38 Ibhizinisi ingethula izitatimende zimali zalo lisebenzisa noma yiluphi uhlobo lwemali (noma izinhlobo). Uma imali eyethulwayo ihluka emalini esebenzayo yebhizinisi, ichaza ukusebenza kwezimali nesimo sezimali ngohlobo lwemali lokwethulwa. Ngokwesibonelo, lapho ibhizinisi lezimali linezinhlangano ezihlukahlukene ezisebenzisa imali esebenzayo engafani, ukusebenza kwezimali nesimo sezimali zebhizinisi ngalinye zibekwa ngohlobo lwemali olufanayo ukuze kuzokwazi ukuthulwa izitatimende zemali ezihlangene.

.39 ***Ukusebenza kwezimali nesimo sezimali sebhizinisi okuwukuthi imali yalo esebenzayo akuyona eyomnotho ontengayo izochazwa ngokwethulwa kwemali kusetshenziswa le nqubo:***

***(a) impahla nesikweleti sesitatimede sokuma kwezimali ngasinye esethulwayo (okusho ukuthi kuhlangnisa nokuqhathanisa) izochazwa ngesilinganiso sokuvala ngosuku lwaleso sitatimende sesimo sezimali;***

***(b) imali engenile nezindleko zesitatimede sokusebenza kwezimali ngasinye (okusho ukuthi kuhlangnisa nokuqhathanisa) izochazwa ngesilinganiso sokushintshisana sezinsuku zenkokhelo; futhi***

***(c) yonke imehluko yokushintshisana eba umphumela izoqashelwa njengengxenye ehlukile yezimpahla eziyinselele.***

.40 Ekuchazeni ukuhamba kwemali, okungukuthi imali engenile nemali ephumile, yomsebenzi wakwelinye izwe ukuze ihlanganiswe esitatimendeni sokuhamba kwemali, ibhizinisi elibikayo liyokwenza ngokuvumelana nezinqumo zamaZinga e-GRAP *eZitatimende Zokuhamba Kwemali*. Amazinga e-GRAP *eZitatimende Zokuhamba Kwemali* afuna ukuba ukuhamba kwemali kwebhizinsi elilawuliwe elihlangabezana nencazelo yomsebenzi wakwelinye izwe izochazwa ngesilinganiso sokushintshisana ngohlobo lwemali yokwethulwa kanye nemali yamanye amazwe ngosuku lokuhamba kwemali. Amazinga e-GRAP *eZitatimende Zokuhamba Kwemali* aphinde achaze ukwethulwa kwezinzuzo ezingaqashelwanga nokulahlekelwa okuvela ezinguqulweni zokulinganiswa kwamazinga okushintshisana emali nokulingana nemali akhona noma akweletwayo emali yelinye izwe.

.41 Ngenxa yezizathu ezizwakalayo, izinga elilinganisa amazinga okushintshisana ngezinsuku zenkokhelo, ngokwesibonelo, izinga elilinganisiwe lenkathi, ngokuvamile lisetshenziswa ukuchaza ingeniso nezindleko zento. Nokho, uma amazinga okushintshisana enyuka kakhulu, ukusetshenziswa kwezinga lesilinganiso akufaneleki.

.42 Umehluko wokushintshisana okubhekiselwe kuyo esigabeni .40(c) ubangelwa yilokhu:

(a) ukuchaza imali engenile nezindleko kusetshenziswa izinga lokushintshisana ngezinsuku zenkokhelo nezimpahla nezikweletu ngezinga lokuvala. Umehluko wokushintshisana onjalo kuvela kokubili emalini engenile nasezindlekweni eziqashelwa ngokuqondile kulezo zimpahla eziyinsalela; futhi

(b) ukuchaza izimpahla ezinyinsalela kusetshenziswa isilinganiso sokuvala esihlukile esilinganisweni sokuvala sangaphambili.

Lezi zinguquko zokushintshisana aziqashelwa njengokwengeziwe noma okushodayo ngoba izinguquko esilinganisweni sokushintshisana zinomphumela omncane kakhulu uma ukhona ekuhambeni kwemali kwamanje noma kwesikhathi esizayo. Lapho izinguquko zihlobene nomsebenzi wakwelinye izwe ohlanganisiwe kodwa ubunini abuphelele, umehluko wokushintshisana onqwabelene ovela ekuchazweni noma enzalweni encane, futhi okubhekwa njengengxenye yenzalo encane ezitatimendeni

eziyinhlanganisela.

.43 ***Ukusebenza kwezimali nokuma kwezezimali kwebhizinisi okuwukuthi imali yalo esebenzayo iwuhlobo lwemali lomnotho ontengayo izochazwa esethulweni esehlukile semali kusetshenziswa lezi zinqubo ezilandelayo:***

***(a) wonke amanani (i.e. izimpahla, izikweleti, izimpahla eziyinsalela, imali engenayo nezindleko, nokuqhathanisa) azochazwa kusetshenziswa isilinganiso sokuvala sosuku lwesitatimende sokuma kwezimali sokugcina, ngaphandle uma***

***(b) lapho amanani achazwe aba uhlobo lwemali yomnotho ozinzile, amanani okuqhathanisa kuzoba yilawo athulwe njengamanani alawo nyaka ezitatimendeni ezihambiselanayo zonyaka wangaphambili (okusho ukuthi hhayi izinguquko zakamuva ezingeni lenani noma ngemva kwesilinganiso sokushintshisana).***

**Indlela yokulinganisa**

.44 ***Lapho imali esebenzayo yebhizinisi iyimali yomnotho ontengayo, ibhizinisi liyoveza izitatimende zezimali zalo kabusha ngokuvumelana namaZinga e-GRAP Okubika Kwezezimali Kweminotho Entengayo ngaphambi kokusebenzisa amazinga okuchaza abekwe esigabeni .44, ngaphandle kwamanani okuqhathanisa ohlotsheni lwemali lomnotho ozinzile (bheka isigaba .44(b)). Lapho umnotho uqala ukuzinza futhi ibhizinisi alisadinga ukuzibhala kabusha izitatimende zezimali ngokuvumelana namaZinga e-GRAP Okubika Kwezezimali Kweminotho Entengayo, izosebenzisa izindleko ezingokomlando ekuchazeni ukwethulweni wemali kwamanani alingana nosuku ibhizinisi elayeka ngalo ukubhala kabusha izitatimende zezimali.***

.45 Izigaba .47 kuya ku .52, ngaphezu kwezigaba .39 kuya ku .45, zisebenza lapho ukusebenza kwebhizinisi nesimo salo sezimali somsebenzi wakwelinye izwe uchazwa ngohlobo lwemali lokwethulwa ukuze kuthi umsebenzi wakwelinye izwe kungahlanganiswa ezitatimendeni zezimali zebhizinisi elibikayo, ngokuhlanganiswa, ngokulinganayo noma ngokwabiwa kwamasheya.

.46 Ukuhlanganiswa kokusebenza kwezezimali nesimo sezimali komsebenzi wakwelinye izwe lalawo mabhizinisi abikayo kulandela izinqubo ezivamile zokuhlanganisa, njengokuqedwa kwemali esele nezinkokhelo zebhizinisi lomnotho (bheka amaZinga e-GRAP eZitatimende Ezihlanganisiwe Nezihlukanisiwe kanye Nenzalo Emabhizinisini Ahlangene).

.47 Nokho, impahla eyimali (noma isikweleti) ebhizinisini, kungaba okwesikhathi esifushane noma eside, ngeke kususwe ngesikweleti esihambelanayo (noma impahla) ngaphakathi kwebhizinisi ngaphandle kokubonisa imiphumela yokwehla nokwenyuka ezitatimendeni ezihlanganisiwe. Lokhu kungenxa yokuthi izinto zemali zibonisa ukuzibophezela kokuguqula uhlobo oluthile lwemali lube olunye uhlobo kanjalo bavulele ibhizinisi lithole inzuzo noma ukulahlekelwa ngenxa yokwehla nokwenyuka kwemali. Ngenxa yalokho, izitatimende ezihlanganisiwe zezimali, umehluko woshintshisana uyaqhubeka uqashelwe ngaphezu kokwengeziwe noma okushodayo, noma ukuba kuvele izimo ezichazwe esigabeni .33, kuchazwa

njengempahla eyinsalela kuze kube yilapho uchithwa umsebenzi wakwalinye izwe.

**Lapho ukuhlanganisa okufanelanayo nendlela yokulinganisa kungasebenzi**

***.48*** ***Uma umtshali-zimali eyeka ukuba namandla okulawula ahlanganyelwe ebhizinisini lizoba nesibopho nganoma iluphi utshalo-mali olusele ngokuvumelana neZinga le-GRAP Lamathuluzi Ezezimali kusukela ngalolo suku, uma ibhizinisi elalilawulwa ngokuhlanganyela lingabi yibhizinisi elilawulwayo noma ilungu. Lapho izitatimende zezimali zomsebenzi wakwelinye izwe zivela ngezinsuku ezingafani neyebhizinisi elibikayo, umsebenzi wakwelinye izwe ngokuvamile ulungiselela ezinye izitatimende zosuku olufanayo nolwezitatimende zebhizinisi elibikayo. Lapho lokhu kungenziwa, amaZinga e-GRAP eZitatimende Ezihlanganisiwe Nezihlukanisiwe ivumela ukusetshenziswa usuku lokubika lapho umehluko lohlukile ngokungaphezulu kwezinyanga ezintathu nokuthi ukulungiswa kuyenziwa ezinkokhelweni ezinkulu noma ezinye izenzakalo ezingenzaka phakathi nezinsuku ezihlukile. Uma kulahleka ukulawula okuhlanganyelwe, umtshalimali uzolinganisa inani elifanele lanoma iluphi utshalo mali olugcinwe umtshalimali ebhizinisini elalilawulwa ngaphambilini. Umtshalimali uzoqaphela enanini elinqwabelene noma elisilele noma imuphi umehluko phakathi:***

***(a) kwenani elifanele lanoma iluphi utshalomali olugciniwe nanoma yiziphi izinzuzo zokukhipha ingxenye yesibopho ebhizinisini elilawulwa ngokuhlanganyela; kanye***

***(b) nenani lokuphatha lotshalo-mali ngosuku lapho kulahleka khona amandla okulawula ngokuhlanganyela.***

***.49 Uma utshalomali luyeka ukuba yibhizinisi elilawulwa ngokuhlanganyela futhi lulandiswa ngokuvumelana neZinga le-GRAP Lamathuluzi Ezezimali, inani elifanele lotshalomali uma liyeka ukuba yibhizinisi elilawulwa ngokuhlanganyela lizobhekwa njengenani lalo elifanele ekuqashelweni kokuqala kwempahla eyimali ngokuvumelana neZinga le-GRAP Lamathuluzi Ezezimali.***

.50 Uma umtshalimali elahlekelwa amandla okulawula ibhizinisi, umtshalimali uzolandisa ngawo wonke amanani aqashelwa empahleni eyigugu iyonke ngokuphathelene nalelo bhizinisi ngesisekelo esifanayo ebesiyoqashelwa ukuba ibhizinisi elilawulwa ngokuhlanganyela belikhishwa ezimpahleni noma ezikweletini. Ngakho-ke, uma inzuzo noma ukulahlekelwa okwaqashelwa ngaphambilini ezimpahleni zizonke idingeka ukuze kucacishwe imali enqwabelene noma esilele yokukhishwa kwempahla noma izikweletu ezihlobene, umtshalimali uchaza kabusha inzuzo noma ukulahlekelwa okuvela ezimpahleni eziyigugu zizonke zemali enqwabelen noma yizikweletu (njengokulungiswa kokuhlela kabusha) uma umtshalimali elahlekelwa amandla okulawula ibhizinisi. Uma intshisekelo yomtshalimali ebhizinisini elilawulwa ngokuhlanganyela incipha, kodwa utshalo mali luqhubeka luyibhizinisi elilawulwa ngokuhlanganyela, umtshalimali uzocacisa kabusha imali enqwabelene noma isikweletu kuphela ngokwenani elifanele lenzuzo

noma ukulahlekelwa elaqashelwa ngokudlule ezimpahleni eziyigugu zizonke.

### Izitatimende zemali ezehlukile zomsebenzi

.5i Lapho kunomehluko phakathi kosuku lokubika lwebhizinisi elibikayo kanye nomsebenzi wakwelinye izwe, izimpahla nezikweleti zomsebenzi wakwelinye izwe kumelwe ichazwe ngesilinganiso soshintshisanwa ngosuku lokubika komsebenzi wakwelinye izwe.

.52 Izinguquko ziyenziwa uma kunomehluko omkhulu phakathi kwezilinganiso zokushintshisana kuze kube usuku lokubika lwebhizinisi ebikayo ngokuvumelana namaZinga e-GRAP *eZitatimende Ezihlanganisiwe Nezihlukanisiwe*. Kusetshenziswa indlela efanayo ekuletheni amasheya emabhizinisini abambisene, nasekusebenziseni ukwabelana okulinganayo emabhizinisini abambisene ngokuvumelna namaZinga e-GRAP *oTshalomali Emabhizinisini* kanye *neNzalo Emabhizinisini Abambisene*.

## Izinkokhelo phakathikomsebenzisi nokusebenza kokuhlanganyela

***.53 Umehluko phakathi kwezimpahla ezitholakele, izikweleti ezikhona kanye nokucatshangelwa okukhona (uma kukhona) okuvela ekutholakaleni komsebenzi wakwelinye izwe kuzobalwa ngokuvumelana namaZinga e-GRAP oKuthuthwa Kwemisebenzi Phakathi Kwamabhizinisi Angekho Ngaphansi kokulawulwa Okufanayo. Noma ikuphi ukulungiswa okufanele kwezimali ezithwalwayo kwezimpahla nezikweleti komsebenzi wakwelinye izwe kuzophathwa kanjalo. Uma kunjalo kuzobekwa njengemali esebenzayo womsebenzi wakwelinye izwe futhi izochazwa ngesilinganiso sokuvala ngokuvumelana nezigaba .40 no .44.***

.54 Ekuchithweni komsebenzi wakwelinye izwe, inani elihlanganisiwe lomehluko wokushintshisana ezingxenyeni ezingafani wezimpahla eziyinsalela okuhlobene nomsebenzi wakwelinye izwe ngensalela noma insada lapho okwengeziwe noma okushodayo kuqashelwa.

.55 Ibhizinisi lingase lichithe inzalo yomsebenzi wakwelinye izwe ngokuthengisa, ukuyiqeda, ukukhokha imali etshaliwe noma ukuyilahla ngokuphelele kwalelo bhizinisi. Ukukhokhwa kwamasheya noma okunye ukwabiwa okunjalo kuyingxenye yokuchithwa kufana nokubiyisa utshalo-zimali, ngokwesibonelo, lapho amasheya noma ukwabiwa okunjalo kuba okwengeziwe kusengaphambili. Lapho kuchithwa ngokwengxenye, yileyo ngxenye yesilinganiso kuphela ebalwayo njengokwengeziwe noma ukulahlekelwa. Ukubhalwa kwemali ethwalwayo emsebenzi wakwelinye izwe akuhlanganisi ukuchinthwa kwengxenye. Ngenxa yalokho, ayikho ingxenye yemali yelinye izwe eba inzuzo noma ukulahlekelwa ngesikhathi kubhalwa phansi.

.56 Emabhizinisini akhokha intela, iziqondiso nokusingathwa kwemiphumela yentela ezinzuzweni nasekulahlekelweni okuthile kwezinkokhelo zamanye amazwe nomehluko woshintshiswano ovela ekuchazeni ukusebenza kwezimali nesimo sezimali kwebhizinisi (kuhlanganise nomsebenzi wakwelinye izwe) kube olunye

uhlobo lwemali kuyatholakala kuyi-International Accounting Standard yeNtela Yemali Engenayo.

.57 Ezigabeni .58 no .60 kuya ku .62 kubhekiselwa 'emalini esebenzayo', uma kuziwa ebhizinisi lomnotho, emalini esebenzayo yebhizinisi elilawulayo.

## Ukubika inzalo yokusebenzisana kokuhlanganyela ezitatimendeni zemali zomtshalimali

***.58 Amalungiselelo okuguquka azosetshenziswa amabhizinisi ekwamukeleni lama Zinga athunywe njengeziqondiso. Amalungiselelo alama Zinga kufanele afundwe ndawonye nesiqondiso esisebenzayo.***

## Abasebenzisi bokusebenza kokuhlanganyela

***.59 Noma ikuphi ukulungiswa kwamaZinga e-GRAP kuzokwenziwa ngemva kwesikhathi ngokuvumelana namaZinga e-GRAP Ezinqubomgomo Zokubala Imali, Izinguquko Zezilinganiso Zokubala Imali Namaphutha.***

**.60** Kunezimo ezihlukahlukene lapho imali nokulinganiswa kwemali kwebhizinisi kungatholakali ukuze kusetshenziswe umnotho webhizinisi. Izibonelo zihlanganisa imali nokulinganiswa kwemali okulawulwa ibhizinisi esebenza ezweni lapho ukulawulwa kokushintshisana noma imigoqo engokomthetho akutholwa ibhizinisi elilawulayo noma amanye amabhizinisi alawulayo.

.

## Ukudalula

***.61 Ibhizinisi lizodalula inani eliyingqikithi lezikweletu ezilandelayo, ngaphandle uma lingekho ithuba lokuphuma kwemali uma kukhokhwa, ngaphandle kwenani lezinye izikweletu ezifanele:***

***(a) noma yiziphi izikweletu ezifanele ibhizinisi elizitholile ngokuba neqhaza ebhizinisini elihlanganyelwe nokuhlanganyela ezikweletini ezifanele azitholwe ngokuhlanganyela namanye amabhizinisi;***

***(b) isabelo salo sezikweletu ezifanele zamabhizinisi ahlanganyelwe elinomthwalo ohlanganyelwe ngawo; kanye***

***(c) nalezo zikweletu ezifanele ezivela ngenxa yokuthi ibhizinisi linesibopho esihlanganyelwe sezikweletu zamanye amabhizinisi okubambisana okuhlanganyelwe.***

***.62 Ibhizinisi lizodalula inani elihlanganisiwe lezimpahla ezilandelayo, futhi uma kufanele, isilinganiso somthelela wazo ngokwezimali, uma izinzuzo zezomnotho ezingenayo noma amathuba esevisi engase abe khona:***

***(a) noma yiziphi izimpahla ezihlanganyelwe zebhizinisi ezivela ngoba linesabelo ebhizinisini elihlanganyelwe futhi isabelo salo empahleni ngayinye sidalwe ukuba nenhlanganyelo namanye amabhizinisi; futhi***

***(b)*** ***isabelo salo sezimpahla ezihlanganyelwe zebhizinisi elihlanganyelwe ngokwalo.***

***.63 Ibhizinisi lizodalula uhlu lwalo nencazelo yezinzuzo zalo kumabhizinisi ahlanganyelwe amakhulu kanye nesilinganiso sobunikazi emabhizinisini aphethwe ngokuhlanganyela. Ibhizinisi elibika inzuzo yalo ebhizinisini elihlanganyelwe lisebenzisa ukubika umugqa nomugqa noma indlela yokubika amasheya lizodalula amanani alinganiselwe empahla ngayinye yamanje evelayo, izimpahla ezingezona ezamanje, izikweletu zamanje, izikweletu zesikhathi esizayo, inzuzo nezindleko ezihlobene nesabelo salo emabhizinisini ahlanganyelwe.***

***Ibhizinisi lizodalula inani elilinganiselwe lezibopho ezilandelayo, ngokuvumelana nesabelo salo ebhizinisini elihlanganyelwe, ngokuhlukile kwezinye izibopho:***

***(a)*** ***noma yiziphi izibopho ezinkulu zemali zebhizinisi ngokuphathelene nenzuzo yalo emabhizinisini ahlanganyelwe kanye nesabelo salo ezibophweni eziyinhloko ezitholwe ngokuhlanganyela namanye amabhizinisi; kanye***

***(b)*** ***nesabelo salo ezibophweni eziyinhloko zamabhizinisi ahlanganyelwe ngokwawo.***

***.64 Ibhizinisi lizodalula uhlu lwalo nencazelo yezinzuzo zalo kumabhizinisi ahlanganyelwe amakhulu kanye nesilinganiso sobunikazi emabhizinisini aphethwe ngokuhlanganyela. Ibhizinisi elibika inzuzo yalo ebhizinisini elihlanganyelwe lisebenzisa ukubika umugqa nomugqa noma indlela yokubika amasheya lizodalula amanani alinganiselwe empahla ngayinye yamanje evelayo, izimpahla ezingezona ezamanje, izikweletu zamanje, izikweletu zesikhathi esizayo, inzuzo nezindleko ezihlobene nesabelo salo emabhizinisini ahlanganyelwe.***

***.65***

***.66 Ibhizinisi lizodalula nalokhu okulandelayo:***

***(a)*** ***amanani ahlobene nanoma ikuphi okwenziwe okukhulu okungalungiswanga noma izehlakalalo ezenzeka phakathi kosuku lombiko lwebhizinisi kanye nosuku lombiko webhizinisi elihlanganyelwe;***

***(b)*** ***isikhathi lapho imiphumela yomsebenzi webhizinisi elihlanganyelwe ifakwa khona esitatimendeni sokusebenza kwezimali;***

***(c)*** ***uhlobo nezinga lanoma imiphi imigoqo emikhulu (isib., edalwa amalungiselelo okuboleka noma izimfuneko zomthetho) ngekhono lebhizinisi elihlanganyelwe lokudlulisela izimali kumtshalimali ngokheshi noma ngezindlela ezifanayo, noma ngokukhokhela izimali-mboleko noma imali ekhishiwe; kanye***

***(d)*** ***nezincazelo zanoma isiphi isabelo samabhizinisi ahlanganyelwe adingeka ngokukhethekile ngenjongo yokukhishwa kwawo, isizathu sokutholwa***

*kwamabhizinisi okunjalo, kanye nencazelo yokukhishwa okuhlosiwe***Amalungiselelo oshintsho**

### Ukwamukelwa kokuqala kwamaZinga e-GRAP

.67 ***Ibhizinisi lizoqala ukusebenzisa la maZinga ezitatimendeni zezimali zonyaka kuhlanganiswa inkathi eqala noma ngemva kosuku oluyonqunywa. La maZinga kufanele afundwe ndawonye nesiqondiso esikhona.***

## Ukuchibiyelwa kwamaZinga e-GRAP

***.68 Isigaba .04 sachibiyelwa eKuthuthukisweni Kwamazinga E-GRAP okwakhishwa ngoNovemba 2010. Ibhizinisi lizosebenzisa lezi zichibiyelo ngokufanele ezikhathini zezimali zaminyaka yonke kusukela ngomhla ka-1 Ephreli 2015 noma ngemva kwalokho. Uma ibhizinisi likhetha ukusebenzisa lezi zichibiyelo ngaphambi kwesikhathi, lizolidalula leli qiniso.***

***.69 Amazinga e-GRAP Okudluliswa Kwemisebenzi Phakathi Kwamabhizinisi Angaphansi Kokulawulwa Okufanayo, Ukudluliswa Kwemisebenzi Phakathi Kwamabhizinsi Angekho Ngaphansi Kokulawulwa Okufanayo kanye Namabhizinisi Ahlanganisiwe afaka isigaba .48 futhi achibiyela izigaba .49 no-.50. Ibhizinisi lizosebenzisa lezi zichibiyelo nokuthasiselwe uma lisebenzisa Amazinga e-GRAP Okudluliswa Kwemisebenzi Phakathi Kwamabhizinisi Angaphansi Kokulawulwa Okufanayo, Ukudluliswa Kwemisebenzi Phakathi Kwamabhizinisi Angekho Ngaphansi Kokulawulwa Okufanayo kanye Namabhizinisi Ahlanganisiwe.***

***.70 Noma ikuphi ukuchibiyelwa kwamaZinga e-GRAP kuzosetshenziswa ngokuhlehlela emuva ngokuvumelana neZinga le-GRAP Lezinqubomgomo Zokubalwa Kwezimali, Izinguquko Zezilinganiso Namaphutha.***

# Usuku lokuqala

**.71** ***Ibhizinisi lizoqala ukusebenzisa la maZinga e-GRAP ezitatimendeni zezimali zonyaka kuhlanganiswa inkathi eqala noma ngemva kosuku oluyonqunywa uNgqongqoshe Wezimali emthethweni ozoshicilelwa ngokuvumelana nengxenye 91(1)(b) woMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi, uMthetho 1 ka-1999, njengoba ulungisiwe.***

### Amabhizinisi kakade asebenzisa amaZinga e-GRAP

.72 ***Ibhizinisi lizosebenzisa leli Zinga le-GRAP ezitatimendeni zezimali zaminyaka yonke ezihlanganisa isikhathi esiqala ngomhla ka-1 Ephreli 2015 noma ngemva kwalokho. Ukusetshenziswa ngaphambi kwesikhathi kuyakhuthazwa. Uma ibhizinisi lisebenzisa lezi zichibiyelo esikhathini esiqala ngaphambi komhla ka-1 Ephreli 2015, lizolidalula leli qiniso.***

# Ukuhoxishwa kweZinga le-GRAP *Lentshhisekelo Yamabhizinisi Ahlanganisiwe* (2005)

.73 ***Uma leli Zinga liqala ukusebenza ezitatimendeni zezimali zaminyaka yonke ezihlanganisa isikhathi esiqala noma esingemuva kuka-(usuku luzomenyezelwa nguNgqongqoshe Wezezimali), lizothatha indawo ye--Standard of Generally Accepted Municipal Accounting Practice (GAMAP) emibikweni yezimali Yenzalo Kumabhizinisi Ahlanganyelwe (Ephreli 2004).***

Leli Zinga lithatha indawo ye-Standard of Generally Recognised Accounting Practice *Lenzalo Yamabhizinisi Ahlanganyelwe,* eyakhishwa ngo-2005.

# Ukuqhathanisa kanye ne-International Public Sector Accounting Standard *Yenzalo Yokusebenzisana Kokuhlanganyela* (Disemba 2006)

La maZinga e-GRAP *Otshalo-zimali Emalungwini* athathelwe ngokuyinhloko kuyi-International Public Sector Accounting Standard *Yenza Yokusebenzisana Kokuhlanganyela* (IPSAS 8). Umehluko omkhulu phakathi kwamaZinga e-GRAP *Enzalo Yokusebenzisana Kokuhlanganyela* ne-IPSAS 8 uchazwe lapha:

- Kuhlanganiswe isigaba somgomo kula maZinga, kanti i-IPSAS 8 ayinaso.
- Incazelo yezitatimende zezimali ezihlukanisiwe ihlukile kancane kweye-IPSAS mayelana nendlela incazelo echaza ngayo izimpahla eziyigugu zizonke zebhizinisi.
- I-IPSAS 8 ichaza insalela yazo zonke izimpahla ngemva kokudonsa zonke izikweletu ngokuthi "izimpahla eziyigugu zizonke/amasheya" kanti leli Zinga likhuluma "ngezimpahla eziyigugu zizonke".
- I-IPSAS 8 ayilufaki lolo tshalomali lokuhlanganiswa ngokulinganiselwe noma ukubalwa kwamasheya lapho ukulawula kungokwesikhashana futhi impahla kufanele ikhishwe phakathi nesikhathi esizayo esiseduze. Leli Zinga lidinga ukuthi amasheya abalwe futhi ulwazi mayelana notshalo-zimali olunjalo ludalulwe ezitatimendeni zezimali.
- Leli Zinga lihlanganisa izinguquko ezenziwe ku-IAS 28 *Yotshalomali Emalungwini* (ngapandle kwalezo ezihlobene nenzuzo enkulu ku-IAS 1 (2007) njengomphumela wezinguquko ezenziwe yi-IASB ku-IAS 27 *Yezitatimende Zezimali Ezihlanganisiwe Nezihlukanisiwe*.
- Isiqondiso sokuphathwa kwesibonelelo esihlobene nokutholwa kwempahla yilungu sihlukile esiqondisweni esichazwe ku-IPSAS 7.
- Leli Zinga liqukethe ezinye izimfuneko zokudalula ezamukelwa ngokusekelwe emaZingeni ase-New Zealand nase-United Kingdom ukuze kuthuthukiswe ulwazi lwezezimali olubikiwe lotshalomali emalungwini ezitatimendeni zezimali zomtshalimali

Imibandela yezezinguquko esebenza kuleli Zinga isingathwa ngokuhlukile ku-IPSAS 7.